

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2021

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-13.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukane IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Isifundo sokuqondisa	(30)
ISIQEPHU B:	Ukufingqa	(10)
ISIQEPHU C:	Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi (kuhlolwa ngokwesimo)	(40)
2. Phendula YONKE imibuzo.
3. Qala ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
4. Dwebela emva kwesiqephu ngasinye.
5. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
6. Yeqa umugqa emva kwaleyo naleyo mpendulo.
7. Qaphela upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.
8. Hlela isikhathi kanje:

ISIQEPHU A:	Imizuzu engama-45
ISIQEPHU B:	Imizuzu engama-20
ISIQEPHU C:	Imizuzu engama-55
9. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA**UMBULO 1**

1.1 Funda isiqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo.

UMBHALO A: OFUNDWAYO

UKUBEKEZELE	
1	Alikho igama elibalulekile njengaleli elithi ukubekezela. Kusuke kungasiniswa mahleza uma uzwa abantu bethi kuwe bekezela. Nawe usuke uzibonela ngokwakho ukuthi impela kufanele ubekezele. Leli gama elithi bekezela libuyisa ithemba kumuntu osuke ebhekene nesimo esinzima.
2	Iningi labafundi bebanga likamatikuletsheni lifika kuleli banga ngenxa yokubekezelela izimo ezahlukahlukeni. Laba bafundi bavuka ekuseni kakhulu, bahambe amabanga amade beya esikoleni, babuye ntambama kakhulu sekushone nelanga. Babulawa amakhaza asebusika, benethwe yizimvula zasehlobo ngenxa yokungabi nazo izimpahla zokwembatha ezifanele leso simo sezulu. Abanye bavuka bengazi nokuthi bazodlani kodwa babekezele kunjalo ngethemba lokuthi bayophumelela ngelinye ilanga, baphume osizini.
3	Abanye abafundi bakhula kanzima. Kunabafundi abaningi abahlala bodwa noma nogogo emakhaya. Abekho abantu abangabasiza ngomsebenzi wesikole kanye nezidingo zempilo ezejwayelekile. Nabo bagcina bedlulile kulobu bunzima ngenxa yokubekezela nje kuphela. Ukubekezela kungukhiye wokubhekana nezimo ezinzima. Ezikhungweni zemfundo ephakeme ('institutions of higher education') nasemsebenzini nakhona kudingeka kakhulu ukubekezela ukuze uphumelele.
4	Namuhla kukhona abantwana ababaleka emakhaya bayohlala emgwaqweni ngoba behluleka ukubekezelela isimo ababhekene naso. Abanye baze bashiye isikole bengaqedanga, bayobheka/bayofuna imisebenzi. Iningi lalaba bantwana basuke bebona sengathi isimo ababhekene naso ngeke sashintsha. Okubi ukuthi lokhu akubasizi kodwa kwenza isimo sibe nzima kakhulu. Kuqeda ikusasa labo. Obekuzomsiza yikona ukubekezela aqhubeke nesikole ukuze isimo sakhe sempilo sibe sihle kusasa.
5	Kukhona abantwana ababona ukuthi bayahlushwa uma benziwa imisebenzi yasemakhaya. Babona sengathi bayahlukunyezwa kanti akunjalo. Abazali basuke bebanda, bebafundisa ukuthi bakwazi ukuzenzela izinto uma sebekhulile. Okwabo ukuba babekezele nje kuphela ukuze baphile kahle kusasa. Kuyiqiniso ukuthi umuthi ugotshwa usemanzi.

6	Iningi labafundi ababekezela kunzima sibathola sebengosomabhizinisi, abaphathi bezinkampani ezinkulu nokunye. Bavula amathuba amaningi emisebenzi. Sinomama nobaba esibahloniphayo namhlanje, abanezikhundla eziphezulu, abafika kuzo ngenxa yakho ukubekezela. Othisha, onesi, abashayeli bamabhanoyi nabanye ababalulekile 40 emphakathini kwadingeka ukuba babekezelele izimo ezinzima zomsebenzi ukuze bafike kuleli zinga abakulona namhlanje.
7	Kubalulelike ukuba abantwana babe nokuzethemba ukuze isizwe sethu singafi kusasa. Kumele kukhuthazwe abazali ukuthi bafundise izingane ukubekezela ngoba kuletha impumelelo. [Umbhalo wokuziqambela]

1.1.1 Bhala igama elibalulekile ngokwale ndaba? (1)

1.1.2 Limsiza kanjani igama elithi bekezela umuntu osuke ebhekene nobunzima? (1)

1.1.3 Bhala izinto EZINTATHU ezibekezelelwa abafundi ngokwesigaba sesi-2. (3)

1.1.4 Qondanisa uKHOLOMU B noKHOLOMU A.

IKHOLOMU A	IKHOLOMU B
(a) Ukugqugquzela	A Ukusiza.
(b) Umatikuletsheni	B Ukukhuthaza.
(c) Izimpahla zokwembatha	C Ibanga leshumi nambili.
(d) Ukubamba iqhaza	D Izingubo zokugqoka.

(4 x 1) (4)

1.1.5 Iyiphi enye indawo okudingeka ukuba umuntu abekezele kuyona ngaphandle kwasesikoleni ngokwale ndaba? (1)

1.1.6 Khetha impendulo efanele kulezi.

Ukuthi '**Akusiniswa mahleza**' kusho ukuthi:

- A Akugijinywa
 - B Akudlalwa
 - C Kuyahlekwa
 - D Akuphekwa
- (1)

1.1.7 Kusho ukuthini ukuthi ukubekezela kungukhiye wokubhekana nesimo esinzima njengoba kushiwo esigabeni sesi-3? (2)

1.1.8 Ngokwasendabeni bhala OKUBILI okufanele kwenziwe ngabafundi ababhekene nesimo sendlala? (2)

- 1.1.9 Yini inhloso yabazali yokwenzisa abantwana babo imisebenzi emakhaya? (2)
- 1.1.10 Chaza lesi simo sokukhuluma njengoba sisetshenziswe endabeni: (2)
'... umuthi ugotshwa usemanzi.'
- 1.1.11 Esigabeni sesi-6, tomula umusho onomqondo wokuthi abantu ababekezelela izimo ezinzima zempilo bayawusiza umphakathi ngokuqeda indlala? (1)
- 1.1.12 Ngokwendaba, yiziphi izimo ezinzima abadlule kuzona abantu abanezikhundla ezibalulekile emphakathini? (2)
- 1.1.13 Ngokucabanga kwakho ukufa kwesizwe kuyahlangana yini nokungazethembi kwabantwana? (2)

1.2 Buka lesi sithombe bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO B: OBUKWAYO NOFUNDWAYO



[Sichashunwe ku-www.google.com]

- 1.2.1 Bangaki abantu abakulesi sithombe. (1)

1.2.2 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Abantu abasesithombeni ...

- A bacula iculo.
- B bakhombisana okuthile.
- C bahleli phansi.
- D basina ingoma. (1)

1.2.3 Ucabanga ukuthi kungani laba bantu begqoke omakalabha ('helmets')? (2)

1.2.4 Yikuphi okuhle kulesi sithombe okufeza isidingo soMthethosisekelo wezwe mayelana nobulili? (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

Funda le ndaba elandelayo bese ubhala NGEZINKINGA EZIDALWA UKUNGALALI NGOKWANELE.

IMIYALELO

1. Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele.
2. Inani lamagama malingeqi/lingedluli kwangama-50.
3. Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kuya kweyesi-7.
4. Bhala iphuzu/umusho emgqeni omusha.
5. Ekugcineni bhala inani lamagama owasebenzisile.

UBHALO C: OFUNDWAYO**IZINKINGA EZIDALWA UKUNGALALI NGOKWANELE**

Ukulala kubalulekile empilweni. Uma singalali ngokwanele kunganyuka izinga lezifo emizimbeni yethu. Ucwangingo lwakamuva luveze ukuthi abantu abalala amahora angaphansi kwayisithupha bangazithola sebenesifo sohlangothi ('stroke') nezinye.

Ikhono labantu abasha lokuxazulula izinkinga ('problem-solving') lehle kakhulu. Abanye baze bazivalele emagunjini abo, nabanye bazilimaze ngenxa yokuphelelwa yizinga lokucabanga. Lokhu kwenziwa yikho njalo ukungaziniki isikhathi esanele sokulala.

Uma ungalali ngokwanele ungaphinde ube nenkinga yesisindo esiphezulu somzimba. Abantu abasha basebenzisa ukuzivocavoca ukwehlisa umzimba kodwa kungabasizi kangako. Uhlobo lokudla okudlayo kungelekelela kakhulu ekwehliseni isisindo somzimba.

Okunye okungaba yinkinga ukuvuka umzimba ukhathele. Uzizwe sengathi awukaze ulale nhlobo ebusuku noma kade ugijima ubusuku bonke, ushaywa ngento enkulu kanti yikho ukuthi awulalanga ngokwanele.

Abantu abangalali ngokwanele baba nolaka kwabanye abantu. Ezikoleni sithola abafundi abahlale bexabana nabanye abafundi, nasemakhaya baze baxabane nabazali. Uma ulandela uthola ukuthi bayaphuza ukulala laba bafundi ngenxa yamagigi/yamaphathi.

Abanye baphelelwa umsebenzi ngenxa yokungalali ngokwanele. Bayaphuza ukuvuka, bafike emsebenzini sekwedlule isikhathi. Phela akekho umqashi ongabekezelela umuntu onaleyo nkinga emsebenzini.

Ukungalali kudala ukuthi umuntu enze izingozi emgwaqweni. Konke lokhu kudalwa ukungakunaki ukuthi umuntu azinike isikhathi esanele sokulala.

[Umbhalo wokuziqambela]

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 3

Buka lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO D: OFUNDWAYO NOBUKWAYO

HLANGANANI WEDDING AND CONFERENCE CENTRE

UDINGA INDAWO YEMICIMBI ESEZINGENI ELIPHEZULU?
USUFIKE KHONA.



LE NDAWO INGAKUNIKA LOKHU OKULANDELAYO:

IZITHOMBE

UKUDLA

UKULALA

UKUSHADA



Indawo yokupaka imahhala!!

Sineminyaka eyi-10 saba khona.

Izinhlelo zokukhokha ezihambisana nephakethe lakho zikhona.

SITHINTE MANJE UBEKISE INDAWO!

Sebenzisa lezi zinhlobo zokuxhumana ukuze uthole imininingwane ngale ndawo.



@hlaweddcocentre



hlanganiwed.conf@gmail.com



086 001 2425

Imithetho nemibandela: Thumela uhlu lwabantu bakho kusenesikhathi.

[Umbhalo wokuziqambela]

- 3.1 Nikeza igama elinomqondo ofanayo ('synonym') nelithi 'udinga'. (1)
- 3.2 Tomula umusho esikhangisweni onencazelo yokuthi kulula ukukhokha kule ndawo. (1)
- 3.3 Bhala igama elikubakaki ngokuphelele: Sineminyaka (eyi-10). (1)
- 3.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:
Ngokwesikhangisi igama elithi 'sithinte' lisho ukuthi ...
- A sifonele.
B sibambe.
C sivakashele.
D sithume. (1)
- 3.5 Sizathu sini esenze umbhali walesi sikhangisi wabhala lokhu ngamagama amakhulu?
HLANGANANI WEDDING AND CONFERENCE CENTRE (2)
- 3.6 Bhala izinto ezimbili le ndawo engakunika zona. (2)
- 3.7 Ngokucabanga kwakho kungani umbhali wesikhangiso esebenzise izithombe? (2)
- [10]**

UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO E: OFUNDWAYO NOBUKWAYO

4.1 Lungisa igama elibhalwe ngokugqamile emshweni olandelayo.

Lelizinyo elincane seliyaphuma nalo. (1)

4.2 Lenza msebenzi muni igama elibhalwe ngokugqamile enkulumeni kadokotela? (2)

4.3 Bhala isifinyezo segama elithi 'Dokotela'. (1)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Ukuba umqemane kusho:

- A Ukugula
 - B Ukuphila
 - C Ukukhathala
 - D Ukungasindi
- (1)

4.5 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe:

Ukuthi **imali eshisiwe** kusho:

- A Imali eningi.
- B Imali encane.
- C Imali eshile.
- D Imali engamasenti. (1)

4.6 Yimuphi umuzwa okhonjiswa yigama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

'Nx! Ngizophuthelwa inyama Dokotela?' (2)

4.7 UYAVUMELANA noma UYAPHIKISANA nokuthi odokotela kufanele bathole noma bakhokhelwe imali eyengeziwe emholweni wabo uma isiguli sesingcono? Sekela impendulo yakho. (2)

[10]

UMBUZO 5

5.1 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo.

UMBHALO F: OFUNDWAYO

Abafundi bahlonipha okwezingelosi ukuze baphumelele ibanga leshumi nambili. Uthola abafana bevuka ekuseni. Bashiya imidlalo enhlobonhlobo abayikhonzile, namantombazane ngokunjalo. Abanye abafundi baze baye ezindaweni beyohlangana nabanye babe amaqembu. Basebenzisa amaphepha amadala bezama ukubukeza umsebenzi wabo wesikole. 5

Hhayike inyanga kaNovemba basuke sebengasafisi lutho. Abanye izifundo bazibhala ngambili ngosuku. Ubathola bengasalali ubusuku nemini, ubezwe bethi 'Zizophela nini lezi zivivinyo?'. Abanye basuke **bedinwa** ukuthi abasakwazi ukuyodlala nezinye izingane. Abakwazi nokubukela izinhlelo zikamabonakude abazithandayo. Emakhaya uthola indlu isiphenduke umtapo 10 wolwazi kulabo abafunda ngokuzimisela. Bakhona-ke abafundi abazihlalela dekle bangazilungiseleli izivivinyo.

[Umbhalo wokuziqambela]

5.1.1 Bhala ibizo 'abafundi' libe sebunyeni/likhombe ubunye. (1)

5.1.2 Bhala isiqalo sebizo elithi 'imidlalo'. (1)

5.1.3 Tomula igama eliphendula umbuzo othi nini (isandiso senkathi) emshweni olandelayo.

'Uthola abafana bevuka ekuseni.' (1)

- 5.1.4 Lungisa umusho olandelayo ufake uphawu lokuloba olufanele (dwebela igama olilungisile).
'Hhayike inyanga kaNovemba basuke sebengasafisi lutho.' (2)
- 5.1.5 Nikeza igama elimqondo phika kuleli elibhalwe ngokugqamile esiqeshaneni. (2)
- 5.1.6 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe.
Igama elithi 'Iqembu' lisho ...
A abantu abancane.
B umuntu ohleli.
C abantu abaningi.
D umuntu oyedwa. (1)
- 5.1.7 Lungisa igama elikubakaki ukuze umusho uzwakale kahle:
Mina (sebenza) kakhulu ngonyaka ozayo ukuze ngiphase. (2)
- 5.1.8 Bhala amagama amabili akha ibizo elithi: Umabonakude. (2)
- 5.1.9 Bhala igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho libe isikhuliso:
'Emakhaya uthola **indlu** isiphenduke umtapo wolwazi ...' (2)

5.2 Bukisisa lesi sithombe esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO G: OBUKWAYO NOFUNDWAYO



[Sichashunwe ku-www.googlepictures.com]

- 5.2.1 Gcwalisa ngesakhi esifanele kuleli gama elikubakaki:
Izingane (-bili) ziyabhala. (1)
- 5.2.2 Khipha igama elikhombisa ubunikazi enkulumweni kathisha. (1)
- 5.2.3 Bhala igama elithathwe kolunye ulimi (umfakela) kulo musho:
'Bamba ipeni kahle.' (2)
- 5.2.4 Bhala igama elinencazelo yokuthi kwakukhanya kakhulu ekilasini (isenzukuthi) kulo musho olandelayo:
Kwakukhanya bha sengathi kukhanyise ilanga. (1)
- 5.2.5 Tomula igama elikhomba isabizwana sokubala kule nkulamo kathisha. (1)
- [20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80